# Inja ka-Akani

Ibhalwe nguBaeletsi Tsatsi | Imifanekiso nguManu Kongolo

Lapho umongameli waseNingizimu Afrika ememezela ukuthi izwe lizoba kumvalelandlini, abazali baka-Akani babazi ukuthi babezoba nesizungu ekhaya. Esikoleni, u-Akani wayedlala nabangani bakhe; wayefunda amagama amasha nokubhala kanye nokubala kuthisha wakhe. Abazali baka-Akani bacabanga isu lokumgcina engenaso isizungu: bamtholela inja.

"Uzoyiqamba liphi igama inja yakho?" kubuza umama ka-Akani.

"Angazi okwamanje," kusho u-Akani.



Ngosuku lokuqala lomvalelandlini, u-Akani nenja baqala badlala engadini yabo, bagijima waze waphelelwa umoya u-Akani. Base behlala phansi egumbili lokulala lika-Akani. Ngefasitela babekwazi ukubona imibhoshongo yokupholisa yesiteshi sokuphehla ugesi esidala esasikujana. Imibhoshongo yayipendwe ngemibala egqamile.

Inja yaqala ukukhala sakukhononda, u-Akani wayimbambatha kamnene. Yase iqala ukutshikizisa umsila ngokujabula okukhulu. U-Akani wabuza ukuthi, "Kwenzenjani, we nja?"



Ngabe ungakukholwa lokhu? Inja yaphendula ngezwi elindondayo yathi, "Kwasukasukela..."

U-Akani wacabanga ukuthi wayesangana. Wasondela enjeni. "Utheni?"

Inja yathi ukukhwehlela kancane yase ithi. "Kwasukasukela," kuphinda inja, ibheke phambili lapho imibhoshongo eyayikhona. U-Akani walalela ngokucophelela ngesikhathi inja iqala ukuxoxa indaba yayo.

"Eningizimu neGoli kwakukhona imibhoshongo emibili emide. Yayimihle. Ngichaza ukuthi, yayimihle kakhulu. Kwakuyimibhoshongo yokupholisa yeSiteshi Sokuphehla Ugesi sase-Orlando kwaze kwaba unyaka ka-1998. Base beyishintsha yaba yimibhoshongo yezindaba yeSoweto yonke: amaSoweto Towers. Izindaba zapendwa ngezithombe eziyizungezile. Izithombe zazilokhu zishintsha njalo ngemva kwesikhathi esithile. Ngesinye isikhathi kwakuxoxwa izindaba ngoNelson Mandela, iqhawe elikhulu lesizwe. Ngesinye isikhathi zazixoxwa ngomculo kanye nabantu ababedansa kakhulu. Ngesinye isikhathi zazixoxwa ngokuphathelene neGoli, iDolobha Legolide," kusho inja.

U-Akani wayegcwele isasasa, wabe eseyibuza ngqo inja: "Ngabe uyinja yomlingo yini?" Inja yencika yasondela ku-Akani, yase ihleka uhleko lwezinja.



“Ngiyinja exoxa izindaba,” kusho inja.

U-Akani wayethokoze kakhulu waze wagxuma wehla embhedeni wase edansa umdanso wakhe wokunqoba. Inja yayibukele, itshikizisa umsila wayo uya le nale, uya ngapha nangapha. U-Akani waphinde wahlala phansi futhi.

“Ngiyacela, nja enhle, ukuthi ungixoxele enye indaba?” kusho yena.

“Kumele ungenzele okuthile kuqala,” kusho inja.

“Noma yini,” kuthembisa u-Akani. “Ngitshele nje ukuthi ufuna ngenze ini.”

“Kumele ungiqambe igama,” kusho inja.

U-Akani wabuka ngaphandle ngefasitela ethule isikhashana. Kuthe kusenjalo, ebona imibhoshongo ebangeni elikude, waqhamuka nesu.

“Orlando,” kusho u-Akani, efuna ukubona ukuthi ngabe inja iyalithanda yini igama layo elisha. Inja yathula isikhashana. Yase igxuma iphuma embhedeni, ikhonkotha ngokuthokoza okwakungathi kuyiculo elimnandi, yase yenza okwakubukeka sengathi umdanso wokunqoba. Yayilithanda igama layo.

“Orlando,” kusho u-Akani. “Ngicela ungixoxele indaba.”

Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

# Inja ka-Akani

Ibhalwe nguBaeletsi Tsatsi • Imifanekiso nguManu Kongolo

## Imibono okungaxoxwa ngayo

Ingabe izinja zinezilimi? Uma zingenazo, zikhuluma kanjani izinja?

Yini oyikhumbulayo ngesikhathi siba ne-lockdown yokuqala? Iziphi izinto ozenze phakathi ne-lockdown?

## Ezibonakalayo

Dweba isithombe sika-Akani no-Orlando bedlala ndawonye engadini.

## Ukufunda

Yiba umseshi wendaba! Funa amagama endabeni akutshela ukuthi:

- ikamelo lokulala lika-Akani linefasitela
- u-Akani ube nomusa enjeni yakhe
- unentshisekelo endabeni exoxwa inja yakhe
- uqambe inja yakhe igama elisusela kuyi-Soweto Towers.

## Ukubhala

Siza u-Akani angabi nesithukuthezi phakathi ne-lockdown. Bhala uhlu lwamacebiso okuNqoba Isithukuthezi endlela yokuzigcina umatasa ekhaya.

## Umsebenzi wezandla

Yenza owakho umbhoshongo wendaba. Funa ibhokisi elide lekhathoni namaphepha anele okuvala zonke izinhlangothi ezine. Dweba noma usebenzise upende ukuze wenze indaba yesithombe ephepheni. Namathisela indaba yesithombe ezinhlangothini zebhokisi lekhathoni.

## Ukusebenza

Phetha indaba u-Orlando aqala ukuyixoxa ekugcineni kwe-*Inja ka-Akani.*